**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2019**

**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE ( GRADE 9).**

**IPHEPHA LOKUQALA( PAPER 1)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2AMAHORA** **AMAMAKI: 80**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Phendula imibuzo kanjengoba uyalelwe.
- Ungayixovi imibuzo.
- Phendula ngolimi lwesiZulu.
- Bhala umsebenzi wakho ngobunono.

ISIQEPHU A

1.UKUFUNDA NOKUQONDISISA

Fundisisa iziqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

USUKU LOKUNIKWA KWEMIKLOMELO (prize giving day)

Namuhla usuku olukhulu esikoleni sami iTholokuhle High School.Usuku lapho abafundi bezobe benikwa imiklomelo yabo ngokusebenza ngokuzimisela kwabo unyaka wonke.

Zonke izingane zigqoke kahle umfaniswano wazo,zizilungisile zabukeka kahle.Wonke umuntu ufisa sengathi naye kungaba khona akutholayo ngalolu suku.Isikole sesihlanziwe , ihholo ikakhulukazi lihle liyacwebezela okwegolide. Etafuleni kwendlelwe indwangu enhle eneflegi lesikole sethu.Kubekwe izinkomishi nokunye okuningi okuzotholwa yilabo abahlabene.

Abazali sebeqalile bayatheleka ukuze bezozibonela abantwana babo benikwa izindondo.Unkosikazi Lukhele uyadidizela ekhishini ngoba ngalolu suku kuye kube netiyana phela emva kwemiklomelo.Bangene –ke abazali ehholo baphelele.Emva kwalokho kungene abafundi bebizelwa ehholo umnumzane uSokhela iklilasi neklilasi.Bafike bahlale lapho belungiselwe khona. Bahlale bathule du, phela uthishanhloko akafuni nakancane luphazamiseke lolu suku. Phambili ngasesandleni sokudla kuhleli ikwaya lesikole eliholwa yinkosazane yakwaShenge.Isilicijile ikwaya , liyaveva lilindele ukushaya ungqambothi lwengoma.

Lishaye ihora leshumi,beze othisha phambi komnyango wehholo.Bagqoke iminyezane yabo yemfundo.Akubona ubuhle lobuya! Ngesikhathi bengena kusukume wonke umuntu ikwaya ishaya ishaye eyesiNtaliyane ingoma ethi, “ Gaudeamis igitur” okusho ukuthi “ Masijabule.” Bashaye ujenga –ke othisha baze bafike phambili.

Kuthi kungaphelela wonke umuntu uthishanhloko uNkosazana Luthuli asukume aye phambili.Akaswenkile uyaconsa ngaphansi kobuyikayika

kwemijiva yemfundo.Abingelele bese ikwaya lihola ukuculwa kwengoma yesikole.Emva kwalokho unkosazana Luthuli athule umbiko wonyaka. Aqede lapho isihambeli sosuku sethula inkulumo yokugqugquzela abafundi.
Sishaye- ke isikhathi ebesilibdelwa ngabomvu, semiklomelo.Yehlukaniswe ngemikhakha .Kukhona eyezemidlalo,eyobuciko kanye neyezifundo ezahlukahlukene.Kuqale eyemidlalo, adle ubhedu lapha uThalent Sikhosana, kube ezobuciko, amuke neziningi uZimele.Kuthi uma sekuyizifundo kucace ukuthi kuyasinwa kuyadedelwana.Nokho obahole bonke ngokubutha izinkomishi yolimi lwesiZulu (HL), isiXhosa(FAL), isiNgisi(FAL).Akagcinanga lapho wathatha eyeZibalo,ezeSayensi neZomlando.Lo mfundi uyathula , akanakekile,uNanini Mbhele.Ekugcineni kube nguyena obashaye bonke emakhanda. Bamhalalisela othisha nabazali ngempumelelo yakhe.Kwaphunywa ehholo bengawuvali umlomo abazali ngokusebenza okuhle kangaka eTholokuhle.Bahamba – ke bayokwesula imilomo ngetiye namakhekhe.
Kwaba wusuku olumnandi kakhulu kuwo wonke umuntu owayekhona.Umama kaNanini wayeziqhenya ngempumelelo yendodakazi yakhe.

1.1.Usuku lwani okukhulunywa ngalo kule ndaba? (1)

1.2. Yini igama lesikole okwenziwe kulo lo mcimbi? (1)

1.3. Tomula igama endabeni elisho ukuphumelela ngokuthola okuthile ulibhale phansi. (2)

1.4. Ubani uthisha obhekela ezokudla kulesi sikole? (1)

1.5. Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ikwaya lesikole laliholwa yinkosazane yakwa;

A. Shange

B. Buthelezi

C. Zulu (1)

1.6. Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi izingane zalesi sikole ziyahlonipha ? (2)

1.7. Waqala ngasikhathisini umcimbi ? (1)

1.8. Yini eyayigqokwe ngothisha ekhombisa ukuthi usuku lwemfundo? (1)

1.9.Ngubani uthishanhloko wakulesi sikole? (1)

1.10.Lo musho uqukethe siphi isifenqo ?

Ihholo licwebezela njengegolide. (2)

1.11. Yiziphi izigaba ezintathu okwakwehlukaniswe ngayo Imiklomelo? (3)

1.12.Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni.

1.12.1 Kusinwa kudedelwana. (2)

1.12.2. Ukungawuvali umlomo. (2)

1.12.3. Ukwesula umlomo. (2)

1.13. Igama lesikole liyahambelana nokwenzeka endabeni. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho. (3)

**[25]**

**ISIQEPHU B: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

2.Gcwalisa umusho ngebizo lesigaba olinikeziwe kobakaki ukuze umusho ufundeke kahle futhi unike umqondo.**Bhala umusho wonke.**

2.1. ......(10).... zesikole iTholokuhle zicula kahle.

2.2. Bonke ....(2)... bayathanda ukubona izingane zabo ziphumelela.

2.3. Wethule ....(14) .... obushaqisayo enkantolo izolo.

2.4. Hlanza zonke ....(8)... ukuze sizophaka.

2.5. Seliyashisa...(5)... ngoba sekusehlobo. (10)

3.Hlobo luni lwamabizo lana alandelayo

3.1.uthishanhloko

3.2.ikwaya

3.3.imiklomelo (3)

4.Tomula izabizwana kule misho elandelayo uzibhale phansi.

4.1. Zona ziyajabula uma kuvulwa izikole.

4.2. Isikole sonke sahlala sathula cwaka.

4.3. Hamba ungithathele leyaya ndishi.

4.4. Abafana bodwa abathanda ukudlala ibhola.

4.5. Le ngane iyahlonipha kakhulu. (5)

5.Buka lesi sithombe bese usebenzisa lezi ziqu zesiphawulo ukwakha imisho ehambelana nesithombe.

-dala ,-ne, -hle, -khulu.



6.Buka le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo.




6.1. Yini ekhombisa ukuthi lo wesifazane akumhambeli kahle? (1)

6.2. Yini athembele kuyo ukuthi ingaguqula impilo yakhe? (1)

6.3. Yisho **okubili** okukhombisa ukuthi lona wesilisa izinto zimhambela ngendlela ehlukile kulona wesifazane. (2)

6.4. Ucabanga ukuthi uyithole kanjani lo wesilisa ingoma yowesifazane? (2)

6.5.Yimuphi ocabanga ukuthi wenze okungekho emthethweni? Chaza. (2)

6.6.Ungabe iyini inhloso yombhali ngale khathuni? (2)

(10)

7.Bhala igama elisho ubuhlobo esibhalwe ngamagama anzima.

7.1. **Ubaba womzali** wami sewashona.

7.2. Lona **yingane kadadewabo kababa** wami.

7.3. **Umkamalume** akave engithanda nje.

7.4. USandile **ungumntwana wakithi womfana.** (4)

8.Bhala igama elilodwa elisho lesi sici esibhalwe ngamagama amaningi Anzima.

isibonelo: Ingane yakhe **ayiboni emehlweni**.

Ingane yakhe **impumputhe.**

8.1. Ubaba **akezwa ezindlebeni.**

8.2. Umzala wami **akakwazi ukukhuluma.**

8.3. Ingane yakhe **ayikwazi ukuhamba , ihamba ngezinqe.** (6)

9.Nciphisa la mabizo bese uwasebenzisa emshweni.

isibonelo : iqolo> iqodlwana

Ingane kade isebenza iqodlwana selize latsheka.

9.1. intombazana

9.2. ikhala

